KUNAMAQINISO AMANE OKUDINGEKA SIWAQONDE NGOKUGCWELE:

1 UNKULUNKULU UYAKUTHANDA.

UNKULUNKULU UFUNA UKUTHI UBE NOKUPHILA OKUPHAKADE NAYE EZULWINI.
Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade. JOHANE 3:16
UNKULUNKULU UFUNA UBE NOKUPHILA OKUCHICHIMAYO NOKUNENJONGO.
Isela kalizi kungengokweba nokubulala nokubhubhisa; mina ngize ukuba babe nokuphila, babe nakho kuchichime. JOHANE 10:10

2 UMUNTU UNESONO NGOKWEMVELO. NGAKHO WEHLUKANISIWE NONKULUNKULU.

Ngokuba bonke bonile, basilalelwe inkazimulo kaNkulunkulu; AMAROMA 3:23

Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa... AMAROMA 6:23

KUNEZINHLOBO EZIMBILI ZOKUFA OKUKHULUNYWA NGAZO EBHAYIBHELINI:

- UKUFA EMZIMBENI
Futhi njengalokhu kumiselwe abantu ukuba bafe kanye, emva kwalokhu ukwahlulelwa. KUMAHEBERU 9:27

- UKUFA NGOKOMOYA NOMA UKWEHLUKANA OKUPHAKADE NONKULUNKULU
Kepha amagwala, nabangakholwayo, nabanengekayo, nababulali, nezifebe, nabathakathi, nabakhonza izithombe, nabo bonke abaqamba amanga, isabelo sabo siyakuba sechibini elivutha umlilo nesibabule, okungukufa kwesibili. ISAMBULO 21:8

UMA UMUNTU EHLUKANISWA NONKULUNKULU NGENXA YESONO SAKHE, LIYINI IKHAMBI LALE NKINGA?

SIVAME UKUCABANGA NGALOKHU NJENGEZIXAZULULO:

INKOLO, IZENZO EZINHLE, UKUZIPHATHA

NOKHO, LINYE KUPHELA IKHAMBI ELINIKEZWA UNKULUNKULU.

3 UJESU KRISTU UWUKUPHELA KWENDLELA EYA EZULWINI.

YILOKHU UNKULUNKULU AKUSHILO.
UJesu wathi kuye: Mina ngiyindlela, neqiniso, nokuphila; akakho oza kuBaba ngaphandle kwami. JOHANE 14:6

UJESU KRISTU WASIKHOKHA NGOKUGCWELE ISIJEZISO SEZONO ZAKHO.
Ngokuba naye uKristu wahlupheka kwaba kanye ngezono, olungileyo ngenxa yabangalungile, ukuba asiyise kuNkulunkulu, ebulawa enyameni kepha ephiliswa emoyeni, 1 PETRU 3:18

UNKULUNKULU UNESITHEMBISO SOKUPHILA OKUPHAKADE.
Okholwa yiNdodana unokuphila okuphakade; kepha ongakholwa yiNdodana kayikubona ukuphila, kodwa intukuthelo kaNkulunkulu ihlezi phezu kwakhe. JOHANE 3:36

NOKHO, AKWANELE UKWAZI NJE LOKHO UJESU KRISTU ASENZELE KONA.

4 KUFANELE SIBEKE UKHOLO LWETHU ENKOSINI UJESU KRISTU UKUZE SISINDISWE.

INSINDISO YETHU YENZIWA YENZEKE NGOMUSA KANKULUNKULU NGOKUKHOLWA KUJESU KRISTU.
Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa; nalokhu akuveli kini, kuyisipho sikaNkulunkulu; akuveli ngemisebenzi, ukuze kungabikho ozibongayo. EFESU 2:8-9

YISHO LOMTHANDAZO KUNKULUNKULU NGOKUKHOLWA:

NKOSI JESU, NGIYABONGA KAKHULU NGOTHANDO LWAKHO OLUKHULU KIMI. NGIYAVUMA NGIYISONI NGICELA INTETHELELO. NGIYABONGA NGOKUNGIFELA ESIPHAMBANWENI UKUZE UHLAWULE ISIJEZISO SEZONO ZAMI. NGIYAKHOLWA EKUVUKENI KWAKHO KWABAFILEYO. KUSUKELA MANJE KUYA PHAMBILI, NGIYAKWETHEMBA NJENGENKOSI NOMSINDISI WAMI. NGIYASAMUKELA ISIPHO SAKHO SOKUPHILA OKUPHAKADE FUTHI NGINIKELA UKUPHILA KWAMI KUWE. NGISIZE NGIGCINE IMIYALO YAKHO, NGITHANDEKE EMEHLWENI AKHO. AMEN.

UMA UKHOLELWA KUJESU KRISTU, LOKHU OKULANDELAYO KWENZEKE KUWE:

- UNOKUPHILA OKUPHAKADE NONKULUNKULU.
Ngokuba lokhu kuyintando kaBaba ukuba yilowo nalowo obona iNdodana, akholwe yiyo, abe nokuphila okuphakade; ngiyakumvusa mina ngomuhla wokuphela. JOHANE 6:40

- ZONKE IZONO ZAKHO ZITHETHELELWE.
(OKUDLULULE, AMANJE, OKUZAYO)
Owasikhulula emandleni obumnyama nowasibeka embusweni weNdodana yothando lwakhe; okukuyo sinokuhlengwa, ukuthethelelwa kwezono, KOLOSE 1:13-14

- UYISIDALWA ESISHA NGOKUPHELELE EMEHLWENI KANKULUNKULU.
LESI YISIQALO SEMPILO YAKHO ENTSHA.
Kanjalo uma umuntu ekuKristu, uyisidalwa esisha; okwakuqala kudlulile; bheka, sekuvele okusha. 2 KORINTE 5:17

- MANJE USUNGUMNTWANA KANKULUNKULU.
Kepha bonke abamamukelayo wabapha amandla okuba babe ngabantwana bakaNkulunkulu, labo abakholwa egameni lakhe, JOHANE 1:12

UKWENZA IZENZO EZINHLE AKUSIYO INDLELA YOKUSINDISWA, KODWA KUWUBUFAKAZI BOKUSINDISWA KWETHU.

Mina ngingumalusi omuhle, ngiyazazi izimvu zami, nezami ziyaziwa. Njengalokhu uBaba uyangazi, nami ngiyamazi uBaba, futhi ngidela ukuphila kwami ngenxa yezimvu. Nezinye izimvu nginazo, ezingezona ezalesi sibaya; nalezo ngimelwe ukuziletha, ziyakuzwa izwi lami; futhi kuyoba mhlambi munye, nomalusi oyedwa. Ngalokho uBaba uyangithanda, ngokuba ngidela ukuphila kwami, ukuze ngibuye ngikuthabathe. Akakho ongangamuka yona, kodwa mina ngiyibeka phansi ngokwami; nginamandla okukubeka phansi, nginamandla okubuye ngikuthabathe; lomlayo ngiwamukele kuBaba. Izimvu zami ziyalizwa izwi lami, nami ngiyazazi, ziyangilandela; ngizinika ukuphila okuphakade; futhi azisoze zabhubha naphakade, futhi akekho oyozihlwitha esandleni sami.
JOHANE 10:14-18,27-28